# INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WEBUSINESS TRUST LONG RUN EGREYTOWN NGOLWESITHATHU MHLAKA 1 AUGUST 2007.

**Ngiyanibingelela nonke**

- Ukuhlangana kwethu kule ndawo namhlanje kukhombisa ukuthi njengohulumeni nezinhlangano ezizimele siyakuqonda ukubaluleka kokuhlanganyela ndawonye ngaphansi kophahla olulodwa uma senza imidlalo enjengalona osekuyinto eyenziwa minyaka yonke.

- Akungabazeki ukuthi ezemidlalo zineqhaza elikhulu ekuhlanganiseni umphakathi nasekufundisaneni ngamasiko ehlukene. Ziyasiza futhi ekugqugquzeleni ukuthula nokubekezelelana njengoba kuhlangana abantu beqhamuka ngaphandle kwemingcele eyahlukene, beqgqugquzela ukuzwana nokuhloniphana.

- Namhlanje sizobonga iBusiness Trust ngokweseka iminyango kahulumeni wethu, ikakhulukazi owezeMisebenzi yoMphakathi kuzwelonke nowezokuThutha KwaZulu-Natal, ukuba bakwazi ukuhlela nokwenza imisebenzi ye-EPWP esifundazweni nasezweni lonke.

- Minyaka yonke iBusiness Trust, ekuqiniseni kwayo ukweseka izinhlaka zikahulumeni, yenza lo mjaho lapho amathimba ehlukene ehlanganiswa khona agijime ibanga elithile lamakhilomitha.

- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, okuyiwona owengamele i-EPWP esifundazweni, waqoka umsebenzi kaZibambele eMuden eGreytown ukuba kube yiwona obhekwayo namhlanje.

- UZibambele uwuhlelo loMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, kanti luyingxenye ye-Expanded Public Works Programme (EPWP). I-EPWP iwuhlelo lukahulumeni oluhlose ukuqoqa abantu abaswele imisebenzi eNingizimu Afrika ukuze bathole amathuba emisebenzi, bakwazi ukuthola amakhono ukuze babe nemali engenayo.

- Lolu wuhlelo lokulungiswa kwemigwaqo olungaphansi kophiko olubhekele ingqalasizinda kwa-EPWP, olulwa nobubha ngokunika umndeni umsebenzi esikhundleni sokunika umuntu ngamunye. Lapha ilungu lomndeni lisebenza ukulungisa umgwaqo ibanga elithile ngesikhathi esinqunyiwe, kungadluli emahoreni angu-60 ngenyanga.

- Umgwaqo uMain Road 161 osetshenziswa futhi ubuye ube umngcele phakathi komasipala waseMsinga nowaseMvoti yiwona odala amathuba okwenza lolu hlelo lukaZibambele kulabo masipala ababili, okwenziwa ngokusebenzisa amaRural Road Transport Forums akhona.

- Ngaphansi kweRRTF yaseMsinga, uhlelo lukaZibambele seluqashe osonkontileka bakaZibambele abangu-1060, kanti eMvoti khona lolu hlelo selunikeze ngamathuba kosonkontileka abangu-806 bakaZibambele.

- Into esemqoka futhi kulezi zinsuku ngoZibambele ngukuthi kudingeka bathole amathuba okuphuma ohlelweni baqhubekele phambili, esithi iCommunity Empowerment Exit Strategy. Isibonelo nje, osonkontileka bakaZibambele abangu-43 kumasipala waseMvoti sebesungule amaSavings Clubs ngokusizwa nokwalulekwa uMnyango nabanye abasebenzisana nabo, ababasiza ngamakhono kwezamabhizinisi.

- ISiz'umndeni Savings Club isikwaze ukonga imali engu-R21,310.34 phakathi kwamalungu angu-27 e-saving club, kanti iNdumiso Saving Club yona seyonge imali engu-R2,894.09 kuze kube manje phakathi kwamalungu angu-16 e-club.

- Kukhona izingxoxo eziqhubekayo phakathi koMnyango wezokuThutha nowezeMfundo ukuthi ngeke yini kufakwe osonkontileka bakaZibambele ohlelweni lwemfundo yabadala i-Adult Basic Education and Training (ABET) kulesi funda, njengoba kwenzeka nakwabanye oZibambele esifundazweni.

- Uhlelo lwe-ABET selukhombise ukwenyusa izisebenzi eziningi zikahulumeni emazingeni aphansi. Ngemuva kokuba yingxenye ye-ABET, sekujwayelekile ukubona abasebenzi ezingeni eliphansi sebengomabhalane.

- Umthelela kaZibambele kulabo sonkontileka nasemiphakathini yabo usube mkhulu kakhulu. Osonkontileka, bonke okungabesifazane, manje sebeyakwazi ukondla bagqokise imindeni yabo, bathumele izingane esikoleni, bathole ama-ID, bavule ama-akhawunti asebhange noma benze okunye nje okwenza babe neqhaza emnothweni.

**Ngiyabonga**